


# 3

## Umcimbi kaGogo abengawulindele wokuzalwa kwakhe

### Umndeni wami




"Hawu, Gogo … emasontweni amabili azayo uzobe uqeda iminyaka engamashumi ayisikhombisa!" kusho uMama.

Ngalobo busuku, uGugu wabe ecabanga zonke izinto ezinhle uGogo amenzela zona. Konke lokhu ukucabanga nje ecambalele embhedeni.

"Kufanele uGogo ngimuphe isipho esihle. Konje kungaba yini?"

"Ngizokwenzela ugogo idili losuku lokuzalwa!" kucabanga uGugu.







UGugu wamema abantu.
*Uyamenywa edilini likaGogo angalilindele ngoMgqibelo. Woza nezidlo. Ivela kuGugu.*

Kwathi kungazelelwe …

UGugu wafihla okuthize esixhafuthinini sikaBaba.
Washutheka okunye ekhukhwini likaMalume uJabu.
Okunye esikhwameni sikaMzala uNozi.
Nokunye wakuthi shwathi esikhwameni esinamasondo esikhulu sika Anti Mavis.

Ngesikhathi kusondela uMgqibelo uGugu waqala ukukhathazeka.
Ngabe umndeni wakhe wawuzitholile izimemo?

NgoMgqibelo ekuseni, uGugu wagqoka ingubo yakhe kanokusho wehla izitebhisi.

"Ding dong!" kusho insimbi.
UGogo wawuvula umnyango ... kunye, kubili, kuthathu, kune, kuhlanu!
Akukhona ukugcwala kwabantu lokhuya!

"Happy Birthday, Gogo," kwahlokoma indlu.

